

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUS WILLIES
MCHUNU EMCIMBINI WOKUKHULEKELA UKUTHULA EMBONINI
YAMATEKISI ESIFUNDENI SELEMBE MHLAKA 03 SEPTEMBER 2011.**

Mphathi wohlelo;
Usihlalo weKomiti lezokuThutha;
Inkosi yesizwe saKwaDube;
IMeya ehloniphekile yeLembe District;
IMeya ehloniphekile yaKwaDukuza;
Usihlalo we-KWANATACO esifundazweni onguMongameli we-SANTACO;
Usihlalo wesifundazwe we-PTPA;
Abaholi bezenkolo;
Izimenywa zonke ngokwehlukana kwazo;
Abezindaba;
Umphakathi wonke;
Ngiyanibingelela.

Mangithathe leli thuba nginamukele bese nginibonga nonke ngokuhlonipha isimemo sethu sokuba nibe yingxenywe yalo mkhuleko esiwuthatha njengobaluleke kakhulu. Siyazi ukuthi namhlanje uMgqibelo okusho ukuthi kunezinto enizidelile ebeningazenza emindenini yenu nasemiphakathini yenu.

Ngakho-ke, kimina ukubakhona kwenu lapha kukhombisa ukuzimisela kwenu ngokuba nemboni yamatekisi ephiphile nephumelelayo kulesi Funda seLembe.

Ngifisa ukubonga kakhulu kubo bonke ababambe iqhaza ekuhlelweni kwalolu suku lomkhuleko. Abanye bethu ababekhona enkonzweni yesikhumbuzo kaComrade uKader Asmal bazokhumbula ukuthi nami ngagcizelela isidingo sokuba kwenziwe lo mkhuleko esiFundeni seLembe kulandela igxathu eselithathiwe ekudaleni ukuthula phakathi kososeshini bamatekisi.

Nakuba-ke namhlanje ngingathandi ukugxila kakhulu kosekwedlule, kodwa kumele sikuveze ukuthi phakathi kwezinsalelo esesike sabhekana nazo njengohulumeni wentando yeningi zimbalwa esezike zaba inkankano njengalezo ezihambisana nokuhlelwa kabusha kwezokuthuthwa komphakathi.

Kwabanye uma kukhulunywa ngezithuthi zomphakathi bavele babone isithombe esibi sezinhlekelele nezidumbu ezisakazeka emigwaqeni yethu ngenxa yamakhumbi. Embonini yethu yokuthutha umphakathi sesibone kaningi oshaya 'sibhamu beqhulula inhlamvu ngisho nakubagibeli abangenacala emini kwabha, kanye nokusocongwa kwabantu okwenziwa ngobumnyama.

Bheka nje, ngenkathi sesicabanga ukuthi izinto sezibuyela esimweni embonini yamatekisi ngemuva kweziqubu eziningi zokubhekana ngeziqu zamehlo elokishini laseMpumalanga eHammarisdale, sebeqale phansi futhi ukushayana.

Namhlanje sesibona abafelokazi nezintandane osekumele zibhekelelwe ngama-grant uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi no-SASSA, abasebenzi bakhona esinabo lapha ukuzobheka abazofaka izicelo ngenxa yosizi oludalwe ukubulalana okungenasidingo embonini yamatekisi, ingculazi, ubugebengu nokunye.

Noma ngabe udlame lwamatekisi noma izingozi zomgwaqo, thina sisalokhu sikhala njalo ngemboni yamatekisi eqhubekayo nokuphuca amalungu emindeni abantu abayondlayo. Kusikhathaza kakhulu ukuthi lokhu kwenzeka ezweni elivele linenselelo enkulu yokuntuleka kwemisebenzi nobubha okungumphumela weminyaka eminingi yobandlululo esiphuma kuyona.

Imboni yamatekisi, njengomkhakha wezomnotho inomlando wayo yodwa. Ngaphandle kwebhola lezinyawo, asikabi nawo umkhakha wezomnotho ophethwe ngabantu abamnyama njengale mboni. Ngakho-ke kumele sikugcizelele ukuthi ukungabikhona kozinzo nokuthula kule mboni kubukela phansi izimboni eziphethwe ngabamnyama.

Phakathi kwezinhlobo zezithuthi zomphakathi, imboni yamatekisi iyona ethwala abantu abaningi kuleli zwe njengoba bengaphezulu kuka-60%. Lapha KwaZulu-Natal sinephesenti eliphezulu-ke thina ngenxa yokungabi nezitimela ezindaweni eziningi.

Ngokwami ukubona, imboni yamatekisi kumele ibe yisibonelo esihle sokuxoxisana, hhayi nje mayelana nokuzithuthukisa kwezomnotho ukuze kusizakale abanikazi bemboni nabagibeli, kodwa ukuze kuphele nalo mqondo omubi wokuthi lena yimboni yodlame, ukufa nokungagcinwa komthetho.

Namhlanje kuyasijabulisa ukuthi isiFunda seLembe ekugcineni sesiqala ukuphumelela esimweni abaningi eminyakeni edlule abebecabanga ukuthi ngeke sisashintsha silungiseke.

Igxathu elithathwe kulezi zinyanga ezimbalwa ezedlule emizamweni yokuqeda ukungqubuzana phakathi kososeshini naphakathi kwemboni nabagibeli, konke kuyakhombisa ukuthi ngempela lapho kunothando lokuthola ukuthula, nendlela ihlale ikhona.

Okusempeleni, phezu kwezinsalelo esibhekene nazo, mhlambe okubalulekile nesikufisa kakhulu kule mboni namhlanje – njengoHulumeni, amalungu emboni, abagibeli nomphakathi wonkana ukuphila kwawo okuncike ezithuthini zomphakathi – ngukuba sibone izikhondlakhondla zososeshini ababili ebezibhekene ngeziqu zamehlo manje zizibophezele ekubambisaneni ukuze kusetshenzwe kuyiwe phambili.

Siyalemukela negxathu elithathwe usoseshini waseStanger wokuba ukhethe isigungu esisha ngokulandela umthethosisekelo wawo. NjengoHulumeni thina sesibheke ukusebenzisana nani egameni lokuphepha kwemboni nabagibeli.

Kumele sikhumbule ukuthi ngaphandle kwezigameko zodlame lwezepolitiki ezilokhu zithi gqwa lapha nalaphaya esifundazweni, sesakwazi ukugcina ukuthula njengesifundazwe. Njengamanje sibona abantu base-South Africa sebezifundisa ukuphilisana ngaphandle kokubheka ibala, ubuhlanga, ubuzwe nenkolo.

Nalapha embonini yamatekisi siyadinga ukuzibuza ukuthi kungani sivumela osikhwili phambana nobhoko abangcolisa igama lemboni ebaluleke kangaka ngenxa nje yomhobhola okuyiwona odala imibango yemizila? Kungani sinika indawo abantu abangakuthandi ukuthula ukuba baqhubeke nokuxabanisa abantu bebhizinisi elilodwa.

Kungani sivumela umqondo wokubabela abagibeli, ukuphatha yonke imizila nokwengamela imboni ngawedwa kube yikona okusikhipha emoyeni woBuntu esaziwa ngawo njengama-Afrika?

Mphathi wohlelo, lo mcimbi uqhamuke ngesikhathi esikahle lapho ngisanda kuyalela abasebenzi boMnyango wami ukuba basondezele ku-September zonke izinhlelo zokuphepha obekumele ziqaliswe ngenyanga ka-October okuyinyanga yezokuthutha.

Ngenze lesicelo esisheshayo ngemuva kokuba isifundazwe sethu silahlekelwe ngabantu abangu-30 ezingozini ezintathu ezibandakanya izithuthi zomphakathi ngo-August kuphela. Ngikhuluma ngalezi zingozi ezintathu ezithathe imiphefumulo engaphezulu kwemihlanu ngayinye. Vele kunenqwaba yezinye izingozi ezibandakanya amatekisi lapho kufe khona abantu ngesikhathi esifanayo.

Ngakho-ke, uma sinemikhuleko yokuthula njengalona wanamhlanje, kubalulekile ukuba siphinde sizibophezele nasekuqedeni izingozi zomgwaqo.

Nginxusa bonke abaholi abakhona lapha ukuba kebazindle bacabange kahle ukuthi bangafaka liphi igalelo emikhankasweni yokuphepha emgwaqeni.

Abaholi bezenkolo ngaphezu kwayo yonke eminye imikhakha yibona ababuqonda kahle ubunzima esibhekene nabo. Yibona abahlale bethandaza emingcwabeni yalabo abasishiye ezingozini zomgwaqo. Nginyaninxusa-ke nani ukuba nenze okungaphezulu komsebenzi wokungcwaba abashonile, nithathe nomsebenzi wokweluleka abashonelwe futhi nisebenzise izinkonzo zenu ukushumayela ivangeli lokuphepha emgwaqeni.

Kubaholi bemboni yezokuthutha umphakathi, ngiyaninxusa ukuba niwumele umsebenzi wenu njengabaholi. Kumele nazi ukuthi ingozi yebhasi noma itekisi iholela ekulahlekeni kwemiphefumulo eminingi ngesikhathi esisodwa, ishiye izinkubela namanxeba emzimbeni. Sekwavela nokuthi ijubane linomthelela ngo-30% ezingozini zomgwaqo zonke, kanti linomthelela ngo-50% ezingozini ezibandakanya izithuthi zomphakathi.

Kulabo abangabashayeli, sithi kumele nazi ukuthi ukungaziphathi kahle namaphutha abashayeli yikona okuyimbangela yezingozi eziningi ezibulala abantu. Khumbula: Ijubane liyabulala; Ukushayela ungafundisiwe ungenayo ilayisensi kuyabulala.

Kwabahamba ngezinyawo abalapha, sithi kumele nazi ukuthi ukuhamba emgwaqeni udakiwe kuneqhaza elikhulu ezingozini ezibandakanya izimoto nabahamba ngezinyawo. Zingu-40% kuya ku-50% emadolobheni no-30% kuya ku-40% ezindaweni zasemakhaya izingozi zalolu hlobo okutholaka ukuthi abantu bebedakiwe.

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uzobamba iqhaza lawo njengokuyalelwa ngumthetho ulethe ingqalasizinda yomgwaqo bese uqinisekisa ukuthi igcinwa isesimweni futhi isetshenziswe ngokuphepha.

Sizoqhubeka nokwenza ngcono imigwaqo yethu futhi, ikakhulukazi sizoqinisekisa ukuthi siyalungisa lapho kudingeka khona ngasohlangothini lwezobunjiniyela ezindaweni ezibonakala ziyingozi.

Sizoqhubeka nokuqhuba izinhlelo zokugcinwa komthetho lapho sithi alufakwa KwaZulu-Natal lubuya nesaphulamthetho. Sizoqhubeka nokulwa nenkohlakalo nokukhwabanisa ezikhungweni zamalaysensi ezimoto nawokushayela.

Sizoqhubeka sifake izimali ukuze siqinisekise ukuthi umphakathi uyaziswa ufundiswe kahle ngako konke okuthinta ukuphepha emgwaqeni.

Sizolibamba iqhaza lethu. Kodwa futhi ngaphandle kwenu ngeke siyinqobe lempi. Sonke sidinga ukuzibophezela umuntu nomuntu abambe iqhaza lakhe. Ngokubambisana singaziqeda izingozi zomgwaqo. Ngokubambisana singenza iKwaZulu-Natal ne-South Africa ibe ngephephile kithina sonke.

Ngiyabonga.